<sup>102</sup> Futhi waphupha wayephezulu entabeni. Futhi kulintaba, okukhulu . . . Kangila phepha phambi kwami, kodwa ngicabanga kunjengalokhu. Waphupha ukuthi wabona i—ibhokisi ledwala, njenge—njenge—njengesakhiwo, lihlezi phezu kwesiqongo salintaba. Futhi umkakhe wayengemuva kwakhe nje. Futhi wabona indoda enkulu imile lapho, igqoke izigqoko zomsebenzi, imkhono igoqiwe, ekhelela amanzi amahle kakhulu angakaze awabone, futhi ethululela kulelibhokisi, lelibhokisi ledwala lihlezi esiqongweni sentaba. Futhi ibhokisi ledwala



lalingabambi amanzi. Futhi lawaxhaphazela phandle kwalapho, futhi nje aphuphumisa yonke ingcekeza lezikhuni, layo yonke into phakathi lapho, futhi aphuphumisa awaxhaphazela phansi entabeni. Futhi axhaphakela phezu kwenyawo zakhe, futhi wayemile kuleyonto, kuphela kakuzange kunamathele kuye.

<sup>103</sup> Futhi—futhi-ke wabuza kwakungani ibhokisi lalingakubambi, futhi indoda yathi, “Lawo akusiwomanzi. Lowo nguMoya oNgcwele, futhi,” wathi, “akulanto engaWubamba.” Futhi wathi, khona-ke wabuyela emuva futhi wathatha elinye ibhakede elikhulu, futhi laligcwele uluju, futhi wathululela uluju phakathi lapho, wathi, “Manje kuzakubamba lokhu.” Futhi wacabanga ukuthi ibhokisi, kwakulibhokisi ledwala, lalizadubuka lichithe uluju, kodwa alizange. Kwacina kunamathelana ndawonye futhi lwalubamba.

<sup>104</sup> Watshibilika futhi wehla phansi entabeni. Esehla phansi entabeni, wama phansi kwentaba futhi wakhangelela emuva. Wabona izifudlana ezinhlanu zalawa ahlanzekileyo, amanzi acwebezelayo, angangcoliswanga yizinto ayedlule kizo, lokhe ehlanzekile futhi ecwebekile, esiza ngesiqubu. Khona-ke aqala ukubuya kancinyane. Khona-ke, ephosa ukufiphala, futhi wayemangala ukuthi vele azakufika phansi kwentaba, izifudlana ezinhlanu. Futhi wavuka.

<sup>105</sup> Ngicabanga ukuthi lokho kungaphose kube seduze lokuba yikho, kayisikho na, Dade Shepherd?

<sup>106</sup> Manje, kwathi ngingakayithathi incwadi futhi ngayivula, ngingakayibali, ngabona iphupho lakhe.

<sup>107</sup> Yiyo indlela amaphupho achasiswa ngayo. Manje, inengi lenu leza kimi lamaphupho, futhi—futhi lakhuluma izinto kimi mayelana ngamaphupho. Ngithi, “Mana okomzuzu. Kawuzange ukukhulume konke.” Bona? Futhi ubuyele ulithathe. Khona-ke nxa ungeke ukhulume lokho owakuphuphayo, ukwazi kanjani ukuthi incazelo iyiyo kumbe kayisiyo? Bona? Kumele ukwenze, kumele ulibone iphupho. Umbono kumele utshengise iphupho. Futhi lapho ubona iphupho umuntu aliphuphileyo, futhi usenelisa ukubatshela bengakakutsheli, khona-ke uyayazi incazelo.

<sup>108</sup> Awu, ngiyakholwa ukuthi lokho kuseMbhalweni, lakho, uDaniyeli, ngesinye isikhathi. Kwakungayisikho lokho na? Wathi... Yebo. Ngiyakholwa ngenzakala nje ukucabanga ngalokho khona-ke. Bona?

<sup>109</sup> Kodwa uhlezi ulibona iphupho, manje, nxa incazelo iqondile. Umuntu uqala ukukutshela iphupho, ungabamisa nje, uthi, “Mana okomzuzu. Futhi kwaku *ngokuthile-lo-kuthile*. Kwaku *ngokuthile-lo-kuthile*, *lokuthile-lo-kuthile*.”

Futhi-ke uthi, “Kunjalo sibili.” Bona?

110 Indoda, ngolunye usuku, wayezama ukungitshela iphupho ayeliphuphile. Wathi, “Awu,” wathi. . .

Ngathi, “Manje, mfowethu, kungani utshiye leyo eyinye ingxenye?”

Wathi, “Iphi enye ingxenye?”

111 Ngathi, “Uphuphe ukuthi wajikela ilitshhe phezulu emoyeni, futhi ngalidubula futhi ngangenwa ngamanye elihlweni lami.”

112 Wathi, “Yilo kanye iqiniso, Mfowethu Branham.” Futhi bathethe nje ingxenye yokucina yakho, izolo. Uh-huh.

113 Ngakho nanko-ke. Bona? Uyabona? Ngani? Kawukhulumi iqiniso lakho, kodwa, uyabona, kuhlezi kuzembula njalo, ini, kuyakutshela iphupho lakho, lokho owakuphuphayo. Khona-ke uyakwazi kunjalo.

114 Manje, nansi incazelo yephupho lakhe. Wayekhathazekile ngoMoya oNgwele. Manje, okokuthi wabona ibhokisi phezu kwesiqongo sentaba, kwakulidwala. Ibhokisi ledwala, lidwala, “isivumo.” Manje, njengoJesu watsho eMbhaweni. Wathi, uPhetro wathi. . . “Ngubani,” uJesu wathi, “abantu bathi Mina, iNdodana yomuntu, ngingubani?”

“Omunye wathi Ungu ‘Eliyasi,’ futhi ‘UMose,’ lokunjalo.”

Futhi Wathi, “Kodwa lina lithi NgiNgubani?”

Wathi, “Wena unguKhristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.”

115 Manje, abanye abantu bathi manje, ibandla leKatolika lithi, ibandla leRoma Katolika lithi, ukuthi eYakhe con- . . . “Lokho idwala elaliyikho, ukuthi uJesu wathi, ‘Phezu kwalelidwala Ngizakulakha iBandla Lami, futhi amasango esihogo awayi kuLinqoba.’” Bathi, “Kwakuphezu kukaPhetro. Futhi uPhetro wayeyilelo dwala, ngoba uPhetro kutsho ‘ilitshhe elincinyane.’ ‘Phezu kwaleli ilitshhe elincinyane Ngizakulakha iBandla Lami.’” Futhi phezu kukaPhetro, bona, ukulandelana kwabapostoli, bakha ibandla.

116 Khona-ke ibandla lamaProtestanti lithi, “Lokho akusikho. Lokho, kwakuphezu Kwakhe Wakha iBandla.”

117 Manje, kungayisikho ukungavumelani, kodwa, mina, ngendlela yami yokukubona, kokubili kuphambukile. Ngoba, akazange aLakhele phezu kukaPhetro, futhi akazange Alakhe phezu Kwakhe, kodwa kuphezu kwesambulo sikaPhetro sokuthi Waye Ngubani. Bona?

“Abantu bathi ngingubani, Mina iNdodana yomuntu?”

“Wena unguKhristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.”

118 “Ubusesiwe wena, Simoni, ndodana kaJonasi. Inyama legazi akukwambulanga lokhu kuwe,” enye iseminari, bona, “kodwa uBaba Wami oseZulwini ukwambulile kuwe. Wena

unguPhetro. Phezu kwalelidwala lesivumo, phezu kwalesi isambulo, ngizakulakha iBandla Lami.”

<sup>119</sup> Futhi lokho kube, isikhathi sebandla ngasinye sibe laleso sivumo sedwala, phezu kwalelidwala lesivumo seLawodikeya.

<sup>120</sup> Futhi, manje, awungeke wenze ibandla elingcwele. Akulanto enjenge bandla elingcwele kumbe inhlanganiso engcwele. UMoya oNgcwele ungatshunyayelwa phakathi kwalo, kodwa phakathi lapho ufumana okuhle lokubi, amagwelegwele, abanganakiyo, layo yonke enye into. Ngakho inhlanganiso ayisoze ibambe. Kawungeke uthi, “SiLawo. Akula loyedwa wabo oLawo.” Hatshi, mnumzana. UMoya oNgcwele uthululwa phezu komuntu ngamunye. Kungumuntu ngamunye.

<sup>121</sup> Ngakho, ngakho-ke, idwala, lolusuku lokucina, iBandla lephentekhostali elamukele uMoya oNgcwele, bakwena ekuqaleni. Konke kusehla phansi ezikhathini, bemukela uMoya oNgcwele, kodwa kungeyisikho esilinganisweni abaLawo manje, ngoba yikubuyiselwa kowokuqala. Lapho sithatha izinti zezibane, uAlfa loOmega, ukuthi balumathisa njani isibane sokuqala; saya phezulu laphezulu, futhi safiphala lokufiphala; khona-ke saphenduka njalo. Bona? Owokuqala lokucina, lokunjalo.

<sup>122</sup> Manje, kodwa kulesi isikhathi sebandla, uMbiko uyathululwa ebandleni. Kodwa umzimba webandla, ngokwawo, kukanyekanye njenge. . .

<sup>123</sup> Ithabhanekeli leli, sizakuthi. (Yikho lapho abuya khona ebandleni.) Leli ithabhanekeli kayisilo thabhanekeli likaMoya oNgcwele. Akulanto enjalo. Umuntu ngamunye lowo oza ebandleni leli ngamathabhanekeli kaMoya oNgcwele. Bangamathabhanekeli aloMoya oNgcwele, kodwa hatshi ibandla emzimbeni, iqembu. Ngakho-ke, Kuyageleza.

<sup>124</sup> Kodwa, ini, lindoda eyayithulula amanzi, isithunywa ebandleni, sithulula uMbiko ebandleni, kodwa kuyini amanzi ayekwenza? Ayephuphumisela phandle ingcekeza yonke eyayiphakathi kwayo. Yikho lokho uMoya oNgcwele okwenzayo, uyaphuphumisa, manje.

<sup>125</sup> Manje, uluju lwalumela uthando kubazalwane, umusa kubazalwane, okuyilesi isikhathi. Ngisanda kuqeda ukukhuluma, bona, ngomusa kubazalwane, isikhathi esiphila kuso manje.

<sup>126</sup> Manje, ungathi, “Khangela, ngi—ngi—ngiqinisekile angimthandi uMfowethu Neville.” Kumbe, “Ngeqiniso angimthandi uMfowethu Jones. Angimthandi uMfowethu *Sibani-bani*,” lento enjengaleyo. Kodwa yekela nje enye into yenzakale kuye, mfowethu, inhliziyo yakho iyephuka. Kuphose nje kwakubulala. Bona? Singathola umusa kubazalwane futhi sizwelane omunye lomunye. Bona? Kodwa ukukugcina eqenjini labantu. . .

<sup>127</sup> Kungani ulendaba lalowo mfowethu? Ngoba uhlephule isinkwa laye lapha ku-altare, njengalokho uzakwenza lobubusuku. Udlelana laye. Uxhawule izandla zakhe. Ukhonza laye. Ungumfowenu. Futhi angenza enye into enyameni, ongasoze uvumelane layo, ngoba ungathi nje uyahlala (lokho ongafanelanga ukwenze), kodwa umdele kancinyane. Kodwa phansi kwenhliziyo yakho, nxa enye into yenzakala kulowo mfowethu, kungaphosa kukubulale, kumbe lowo dade.

<sup>128</sup> Ngi—ngiyindoda endala. Ngake ngaba mutsha, futhi manje sengimdala. Ngikubonile, phansi esikhathini, kusenza lokho. Ukuzwa abantu besithi, “Angisoze nje ngibe lokokwenza laye.” Futhi enye into yenzakale kuleyondoda, kuphosa kumbulale. Uyacabanga, “O Nkulunkulu, ngivumele umfowethu oligugu wahamba, ngingenzanga ubungane laye.” Uyabona? Bona? Bona? Luthando lobuzalwane. lukhangeleka sengathi lungeke lunamathele, kodwa luyanamathele. Uluju, luyanamathele.

<sup>129</sup> Manje, njengokuba wavela lapho, phansi oqaqeni, kusiya phansi koqaqa, manje, lamanzi ayinkazimulo ayempompoza phezu kwamaqaqa, ezifudlaneni ezinhlanu. Manje, isihlanu yinombolo yomusa; U-J-e-s-u, u k-h-o-l-o, u-m-u-s-a. Bona? Isihlanu yinombolo yomusa. Izifudlana ezinhlanu zazithululeka zivhela phezulu lapha emkolweni, kusehla ngalapha.

<sup>130</sup> Sinye salezi izikhathi zazilalelo dwala lesivumo. Abangcwele balele, belindele, belindele, belindele, belindele, bona, kusiya kuze kube yilesi isikhathi. Kodwa masinya uMoya oNgcwele, uthululwa kuKhristu, uzabuya futhi unameke iBandla. Khona-ke iBandla liyakuhlwithwa. Kuzakuba yisiqu esigcweleyo sikaNkulunkulu, uMlobokazi kaKhristu, ozakuba yiNhloko yezinto zonke. Liyangilandela manje? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.]

<sup>131</sup> Manje, wayemangala. Manje, ephutshweni lakhe, wayemangala, “Ngabe isifudlana lesi esincinyane... Lesi isifudlana esincinyane singafika phansi?” Bona? Sasesiwoma. Manje, kuyilokho, yena ngokwakhe. Manje nanku lokho engifuna lingene kukho manje. Yena ngokwakhe wayezimangala. Ngabe yena “waye loMoya oNgcwele?”

<sup>132</sup> Manje, ngibalekele ukukhuluma lokhu, insuku ezinlutshwana ezedluleyo, ngicabanga ukuthi ibandla lingaba lingaba ngelomoya okweneleyo ukukubamba. Futhi mhlawumbe kungcono ngicitshe lithephu khona manje, kodwa ngoba kangiyifuni ingene phakathi kwabazalwane. Kodwa ungakhuluma ngendimi, ungamemeza, ungadansa, ungapotsha odeveli, wenze loba yini ofuna ukuyenza, futhi ube ulokhu ungela Moya oNgcwele.

<sup>133</sup> Abazange abafundi baphenduke, bethokoza lokumemeza ngoba odeveli babengaphansi kwabo, futhi uJesu...khona phakathi kwabo kwakuloJudasi?

<sup>134</sup> Kazange uJesu athi, “Kulolosuku,” lapho Esiza, ukuthi, “abanengi bazakuza Kimi futhi besithi, ‘Nkosi, angizange ngixotshe odeveli, futhi eBizweni Lakho ngenza imisebenzi emikhulu?’ Futhi Ngizakuthi, ‘Sukani Kimi, lina benzi bokubi. Angizange ngibelazi.’” Lezo zinto azisizo zitshengiselo zikaMoya oNgcwele.

“Ngezithelo zabo lizakubazi.”

<sup>135</sup> Manje uthi, “Mfowethu Branham, sifanele, sifanele sikhulume ngendimi na?” Ngempela. Lezo yiziphosho zikaNkulunkulu. Kodwa lezo ziphosho zikaNkulunkulu, zingelamandla lawa phakathi kwazo, kwenza isikhubekiso kongakholwayo. Azemukelwa nguNkulunkulu.

<sup>136</sup> *Lokhu* kumele kube ngokokuqala. Futhi lapho ulokholo, amandla, ulwazi, ukuzithiba, ukubekezela, ubunkulunkulu, lothando kubazalwane, khona-ke uMoya oNgcwele wehla phansi futhi akubeke uphawu ngamunye, okufanayo lalokho Ebeka izikhathi zebandla uphawu njengalinye. Indlela Enza ngayo uMlobokazi Wakhe yindlela Enza ngayo umuntu Wakhe ngamunye; wenziwe ngento efanayo, njengo Eva wenziwa ngoAdamu, ubambo oluvela ohlangothini. *Nanzi* izinto okufanele ube lazo kuqala. Awungeke uzilingisele. Awungeke uzilingisele. Kumele zibe zithunyelwe nguNkulunkulu futhi zizelwe nguNkulunkulu. Ukulingisela kuyabangela isiyaluyalu.

<sup>137</sup> Kunjengalokho engikutshiloyo. Ungacabanga ubona ilinqe lihlezi lapho losiba lwejuba lunamathele emaphikweni akhe, esithi, “Bona, ngilijuba!” Akasilo juba. Liwabayi, ilinqe. Ungacabanga inyoni emnyama elosiba lwephikhokho emaphikweni ayo, futhi isithi, “Bona!?” Leyo yinto ayinamathiseleyo.

<sup>138</sup> Kodwa kumele kuvele ngaphakathi kusiya phandle, futhi kuyaletsa isiKhristu; UNkulunkulu, ngamandla kaMoya oNgcwele!

<sup>139</sup> Udadewethu wayelenyawo zakhe zimanzi lapho efika phansi. Sonke siyamazi uDade Shepherd ukuba lothando. Indlu yakhe ivulekile. Yena lomfowethu, kangila ndaba nxa kuyisibhonda, isiphanzi, loba yini okuyikho, bazamondla, benze loba yini abangakwenza ukumsiza ngalapho. O! UNkulunkulu wemukela lokho, ingxenye yakhe yesisekelo.

<sup>140</sup> Futhi nanku, manje, thatha isifundo lesi. Nanku lokho okubi ngo—ngo... Ngiyabuyela kulokhu. Nanku okubi ngeBranham Thabhanekeli. Uyabona, kulenhlobo ezimbili ezehlukeneyo zokholo. Kulenhlobo ezimbili ezehlukeneyo zamandla, njengalokho engabalakho ngolunye usuku. Inhlobo ezimbili ezehlukeneyo zolwazi. Inhlobo ezimbili ezehlukeneyo zokuzithiba.

<sup>141</sup> Omunye ucabanga ukuthi yikwenqatshelwa, abalalo. Lolo kayisilo hlobo lokuzithiba uNkulunkulu akhuluma ngalo.

Yilokho okungela bunkulunkulu, ulaka olunganqandekiyo olalo, lezinto zalolohlangothi, ukuphendula kubi, ukupopotha.

<sup>142</sup> Ukubekezela, lokunjalo, kulokweyisekayo kwakho, ukulingisela sengazathi; ukhoho oluphiwe yimvelo; amandla aphuwe yimvelo. Kulokuzithiba okuphiwe yimvelo. Zonke lezi izinto ziphiwe yimvelo.

<sup>143</sup> Futhi ingxenye enkulu yokholo lwethu lukholo lwengqondo. Ngokuzwa iLizwi, kuyasiletha ekunanzeleleni ngokwengqondo kuNkulunkulu.

<sup>144</sup> Kodwa nxa Lokhu, kuvela Phezulu, o, mfowethu, nxa Kungatshaya *lokhu*, kulokukholwa kukamoya okulobunkulunkulu. Khona-ke kuyini lokho okwenziwa yilolokholo? Lolo khoho lunanzelela kuphela iLizwi. Kungelani ukuthi enye into ithini, lunanzelela iLizwi kuphela, ngoba, “Ekuqaleni kwakukhona iLizwi, futhi iLizwi laliloNkulunkulu, njalo iLizwi lalinguNkulunkulu.” Futhi iLizwi lokhe linguNkulunkulu. “Futhi iLizwi lenziwa laba yinyama futhi lahlala phakathi kwethu.” Futhi lapho iLizwi Ngokwalo lithululeka okholweni lwethu, ukhoho lwethu lwengqondo luba yisambulo sikamoya.

<sup>145</sup> “Futhi phezu kwalesisisekelo ngizakwakha iBandla Lami.” Bona? Hatshi phezu komcabango wengqondo wokujoyina ibandla, umcabango wengqondo yaLokho; kodwa phezu kwesambulo, lapho zona izifudlana zomusa sezithululekile kulolokholo lwengqondo olalo. Khona-ke, phezu kwalokhu, isambulo sikamoya, “Ngizakulakha iBandla Lami, futhi amasango esihogo awayi kuLinqoba.” Bona? Lokho kutshengisa ukuthi azakumelana Lalo, kodwa awasoze anqobe. O, yinto bani eyinkazimulo! Manje bona ukhoho. Lezi izifudlana ezinhlano. . .

Bengilesiqephu setshoko lapha, kodwa ngiyethemba akasikhuphanga.

<sup>146</sup> Kodwa izifudlana ezinhlano elizibona zisehla phansi lapha, kubambanisa *lokhu* ndawonye. Bekungu Moya oNgcwele owenza ibandla leEfesu. Kwakungu Moya oNgcwele owazala ibandla leSimina. UMoya oNgcwele owapha ibandla lePhegamosi, lebandla leThiyathira, eZikhathini zobuMnyama. NguMoya oNgcwele owakha lowo Mlobokazi, oKhethiweyo ophume kuzozonke inhlelo zenhlanganiso kusiya phansi ezikhathini, njenga lokho. KuloKhethiweyo, uMlobokazi omiselwe ngaphambili kaJesu Khristu, uMoya oNgcwele obize abaKhethiweyo. Futhi bekunguMoya oNgcwele *kulesi* isikhathi, *leso* isikhathi, *leso* isikhathi, *leso*, *leso*, *leso*, *leso*, kukhwela kusiya phezulu, uMoya oNgcwele.

<sup>147</sup> Futhi manje njengasemuntwini ngamunye, lawamandla lezinto, zilulwazi lokuzithiba, kuyengezwa okholweni lwethu. Khona-ke lapho ilitshe leSimbozo liyabuya, uMoya oNgcwele

uyaKunamathelisa ndawonye. Nanto ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele. Yikho kusilela kakhulu lamuhla.

<sup>148</sup> Mina ngiyabona lapha, ngilemibhalo ebalwe phansi lapha. Kasiboneni. Bengilompikitsha udweshwe lapha, okwephupho lakhe. Bona? Alingeke liwubone likhona.

<sup>149</sup> Manje, kuvela kuMoya oNgcwele, kuyini okubuyileyo? Khona-ke Uzanika, ukhoho lukamoya, ukhoho lukamoya, lolo *lapha* ngaphansi. Khona-ke lolo khoho lukamoya lunanzelela kuphela iLizwi. Akulandaba ukuthi omunye umuntu uthini, aku—akuncedi ngalutho. Lokho kwazi kuphela iLizwi. Nxa omunye esithi, “Insuku zezimangaliso sezadlula.” Lolo khoho lwazi iLizwi kuphela. Omunye uthi, “Akulanto enjengobhaphathizo lukaMoya oNgcwele.” Lolo khoho lwazi iLizwi kuphela. Ngoluqotho, ukhoho lukamoya, uyabona. Kunjalo. Bona? Lwazi iLizwi kuphela.

<sup>150</sup> Khona-ke, lokho kwakungokokuqala. Okokokuqala, kusiza kuwe, ukhoho lwakho lwengqondo khona lapha, kubuya uMoya oNgcwele esehla phansi okholweni lwakho lwengqondo, elwenza ukhoho lukamoya. Khona-ke ukhoho lukamoya lunanzelela iLizwi kuphela.

<sup>151</sup> Manje, okwesibili, okwesithathu. Khona-ke uzakuba lokomoya, uzakuba loMoya oNgcwele, futhi uzakunameka zonke *lezi* izinto phakathi kwakho, lapho lowo Moya oNgcwele umboza *lokhu*. Kusukela kukhoho lwakho, kukhwela kusiya kuMoya oNgcwele, kuyakunameka phakathi loKhristu. Khona-ke liba Munye. Ameni. (Susa linto endleleni yami; inzima engalweni zakho.) Liba munye. Bona, wena loKhristu liphila ndawonye. “Ngalolosuku lizakubakwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba uKimi; Mina ngikini, lina liKimi.” Bona? Khona-ke yinto ebekwe uphawu yiNkosi uNkulunkulu.

<sup>152</sup> Manje, futhi-ke bayaqiniswa futhi babekwe. Lapho leso sikhathi sithathi ndawo, baba ngamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu aqinisiweyo.

<sup>153</sup> Liyakhumbula, ngale eBhukwini likaMathewu, isahluko 17, indima 1 kusiya ku5, UJesu eNtabeni yokuGugulwa?

<sup>154</sup> Lizwile *UMzweni Yena*. Intshumayelo nje engayi, lapha phose umnyaka odluleyo, ngayitshumayelayo, yaba ludumo, *UMzweni Yena*. Ukubekwa kwendodana, kwabaseEfesu 1:5 futhi, “UNkulunkulu wasimisela ngaphambili ekubekweni kwamadodana.”

<sup>155</sup> Bona, imuli, lapho indodana izelwe phakathi kwayo, ibayindodana leso sikhathi. Kodwa leyondodana yayilabafundisayo ukuyikhulisa. Futhi nxa leyo ndodana ingazange ibuye u—ukuba luhlobo lwendodana eyiyo, kazange abeyindlalifa. Kodwa nxa wayeyindodana eqondileyo, lendodana eyayizalalela uyise, khona-ke leyondodana yabekwa

ubuntwana, kumbe yabekwa esikhundleni. Yaba yindlalifa yalokho uyise ayelakho.

<sup>156</sup> Futhi yikho lokho uNkulunkulu ayekwenza eNtabeni yokuGuqulwa. Lapho Ethatha iNdodana Yakhe uQobo, emva kokuba Esefakaze ukuba yiNdodana eqondileyo, bona, futhi yamela zonke izilingo, Wamusa eNtabeni yokuGuqulwa futhi waMembesa.

<sup>157</sup> Uyazi, kuThestamente eliDala, bathatha indodana, bayigqokisa ngesihle, isambatho esihle, futhi bayihlalise phandle phambi komphakathi. Futhi baba lomkhosi wokubeka, kumbe sikubiza ngokuthi ukubeka ubuntwana. KwabaseGalathiya lapho, ngicabanga sengathi uPhawuli ukhuluma ngakho njengokubeka ubudodana. Manje, kodwa, ukubeka indodana, abatshumayeli bazakuzwisisa, labakamoya, abafundi beBhayibhili, ukubeka lindodana. Ngamanye amazwi, indodana yayiyindodana lapho izalwa.

<sup>158</sup> Yikho lapho abantu bethu bamaPhentekhostali benza khona iphutha labo. Ukuzalwa phakathi kwemuli, ngoMoya oNgcwele, kunjalo, kodwa khona-ke kufanele sibe luhlobo oluqondileyo lwabantwana, abafundiswe nguMfundisi olungileyo. Bona?

<sup>159</sup> Manje, nxa umuntu, ngemuva esikhathini sakudala, wacabanga ngendodana yakhe, wayemfuna ukuba luhlobo lwendodana eqondileyo, wathola umfundisi omkhulu angamthola, utitsha omkhulu, ngoba wayefuna indodana yakhe ukuba ibe njengobaba wakhe. Bona? Ngakho wathola umfundisi oqondileyo.

<sup>160</sup> Manje, nxa umuntu emhlabeni engacabanga ngomfundisi omkhulu, kangakanani uNkulunkulu, uBaba wethu? Manje, Kazange athathe obhishopi, labokhadinali, labapristi. Wathola uMoya oNgcwele ukuba nguMfundisi wethu. Futhi uMoya oNgcwele nguMfundisi wethu. Futhi U—UseBandleni, futhi Uhambisa umbiko kuBaba.

<sup>161</sup> Futhi-ke aluba ubaba, kumbe, umfundisi abuye futhi athi, “Awu, Baba. . .” Manje, akayi kuthola ofundisayo othile ofuna usiba engwanini yakhe, uyazi, usiba, esikubiza khona. Athi, “O, nxa ngingatshela ubaba enye into mayelana. . . Lowo mfana omncinyane ligwelegwele, kungenani, kodwa nxa ngi—nxa ngingatshela ubaba, ubaba angangingezelela iholo.” Lowo alusilo hlobo oluyilo lomfundisi. Uhlobo oluyilo lomfundisi uthembekile, ukhuluma iqiniso.

<sup>162</sup> Futhi uMoya oNgcwele ukhuluma iqiniso lapho Esiza phambi kukaNkulunkulu, kithi. Yebo. Ngakho Uyabuya. Ucabangani? Uzakuba lenhloni lamuhla ukuthi athi, “Amadodakazi akho agela inwele zabo, futhi Wabatshele ukuthi bangakwenzi. Amadodana akho alengqondo zenhlanganiso, ababonelani nje. Kunjalo. Futhi babeka *lokhu* esikhundleni saLokhu, futhi *lokhu* esikhundleni saLokho.” Ukuthi uba



leNhloni kanjani! Kodwa lowo Mfundisi angathanda kanjani ukubuya futhi athi, “O, minabo! Leyo ndodana yindodana eqotho. UnjengoBaba nje.” O, Angathanda kanjani ukukutsho lokho! Bona?

Khona-ke uBaba uyakhukhumala ngokuziqhenya, athi, “Leyi yindodana Yami!”

<sup>163</sup> Yikho kanye lokho uNkulunkulu akwenzayo eNtabeni yokuGuqulwa. Nanzelela, lapho kwabonakala uMose loElija. Futhi uPhetro, ethokoza; okukamoya kwenziwa. UPhetro wathokoza, wathi, “Kasakheni amathabhanekeli amathathu, elilodwa eLakho, lelilodwa elikaMose, lelilodwa elikaEliyasi.”

<sup>164</sup> Lapho esakhuluma, uNkulunkulu wamthulisa. Wathi, “Leyi yiNdodana Yami ethandekayo eNgithokoza ngayo. UMzwani Yena.” Bona? UNkulunkulu uZibeka ngasemuva, futhi, “Leyi yiNdodana Yami.”

<sup>165</sup> UMose wayemela umthetho. Abaprofethi babemela ukulunga Kwakhe. Sasingeke siphile ngomthetho Wakhe. Singeke siphile ngokulunga Kwakhe. Angiceli ukulunga. Ngifuna isihawu, hatshi ukulunga. Angingeke ngigcine umthetho Wakhe, futhi angeke ngenze ukulunga Kwakhe. Kodwa ngifuna isihawu Sakhe. Futhi uNkulunkulu wathi umthetho lokulunga kutholakele Kuye. “UyiNdodana Yami ethandekayo. Umzwani Yena. Nguye. Nguye Lowo.”

<sup>166</sup> Manje, kuThestamente eliDala lapho leyo ndodana isibekwe ubuntwana, kumbe ibekwe emulini, ibizo lakhe lalifana etshekini njengelikayise. Yebo, mnumzana. Babengela i...Babelendandatho, lezonsuku, i—isibonakaliso, uphawu. Futhi babeza...[UMfowethu Branham wenza umsindo wokukhafula futhi atshaye ipuluphithi—Mhl.] Ekhafulele kiyo, ayibeke, kwakulaphawu. Lokho nje kwakunjenge... Wayegqoka indandatho kayise, uphawu lwakhe. Futhi lokho nje kwakufanana lokukayise.

<sup>167</sup> Manje, lapho uJesu eselalele, uJesu kuNkulunkulu, uNkulunkulu Wambeka esikhundleni, “Lowu Nguye.”

<sup>168</sup> Manje, lapho ilunga lizelwe nguMoya oNgcwele emulini kaNkulunkulu futhi selifakaze ukuba lalawamandla kulo, ukuthi uNkulunkulu angabona amandla, ulwazi, ukuzithiba, ukubekezela, umusa kubazalwane, lobukulunkulu, kuye, khona-ke uNkulunkulu uyambeka uphawu, kumbe ambeke. Futhi, lapho, yikho lapho obona khona amadodana lamadodakazi kaNkulunkulu.

<sup>169</sup> Khona-ke, abaseEfesu 4:30 bathi, “Lingamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, lowo elibekwe uphawu ngaye kuze kube luSuku lokuhlangwa kwenu.” Manje, abanye benu maBaptisti elifuna ukuya ekuvikelekeni okulaPhakade, manje, nxa lingabuya kuleso sigaba, Ngizakuma lani ekuvikelekeni okulaPhakade, nxa ungabuya kuleyo ndawo.

<sup>170</sup> Kodwa ukuthi nje, loba ubani esithi, “Ngijoyine ibandla leBaptisti. NgingumPresbyterian. Ngilokuvikeleka okulaPhakade.” Lokho akusikho. Impilo yakho iyafakaza ukuthi awuLakho, Lokhu kuze kubekhona.

<sup>171</sup> Futhi uNkulunkulu usekubeke ubuntwana futhi wakubeka uphawu ngoMoya oNgcwele eMbusweni Wakhe, khona-ke kakula kuphuma kikho. Uvikelekile laPhakade. Kholwa. “Lingamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu lapho wena lamandla akho wonke obunkulunkulu abekwa uphawu kuze kube luSuku lokuhlengwa.”

<sup>172</sup> Ngiyakholwa kuloMlobokazi omiselwe ngaphambili. Ngiyakholwa uNkulunkulu wathi Uzakuba “leBandla elingela sici kumbe ukutshwabhana.” Ngiyakholwa ekumiselweni ngaphambili, ukuthi uMlobokazi umiselwe ngaphambili. Kumele abe Lapho. Ngithemba ngikanye Laye. Lokho, bona, ngikanye Laye. Manje kukimi ukusebenza insindiso yami uqobo loNkulunkulu, kuze kuthi izinto *lezi* zifakazelwe nguNkulunkulu, futhi-ke zibekwe uphawu eMbusweni kaNkulunkulu. Nanko uMoya oNgcwele. Nanso imisebenzi eqotho kaNkulunkulu. “Kubekwe uphawu kuze kube luSuku lokuhlengwa.”

Lelo kwakuliphupho lakhe. Ngacabanga ukuthi kwakukuhle.

<sup>173</sup> Manje, ngakho-ke, lapho Esenza lokho, lapho iBandla lelo libuya kulindawo, kumbe umuntu ngamunye, iBandla lizakuba Lapho. Mangilikhulume kuhle sibili ukuze likubambe. IBandla limiselwe ngaphambili ukuba Lapho. Ngifuna ukuba Lalo, kodwa indlela kuphela engizakuba Lalo, yikuba yingxenywe Yalo. Ngiba yingxenywe Yalo kanjani? Ngokuba Kilo. Ngingena kanjani Kilo? Ngobhaphathizo, ngoMoya munye. AbaseKorinte bokuQala 12, “NgoMoya munye sibhaphathiziwe sonke eMzimbeni munye.” UMzimba munye; sibhaphathizelwe Kiwo.

<sup>174</sup> Kodwa awungeke unamathisele izinto lezi ezincinyane, uthi, “Ngakhuluma ngendimi. NgiLawo.” Uyahamba phandle lapha, futhi uzondile, futhi ufunga, lokuqhubeka usiya. Bona? Lokho yikubeka insiba zephikhokho e—enyonini umaatshekeza. Bona? Kawungeke ukwenze. Impilo yakho iyafakaza ukuthi kakusikho.

<sup>175</sup> Kodwa lapho izinto lezi zisebenza kuwe, ngoNkulunkulu, khona-ke ubekiwe uphawu. Khona-ke akula kufanisela ngakho. Unguwe ngokwakho. Yikho lapho imibono, epheleleyo, uMoya oNgcwele, imisebenzi kaNkulunkulu, yonke into, iyabonakaliswa, ngoba (ngani?) wena loKhristu selibe munye. Ngithemba lokhu kuyazwisiseka. Wena loKhristu libamunye.

<sup>176</sup> Bengilenye into ebengiyibhale phansi lapha, ebengifuna ukucabanga ngayo. Kuyasiletha endaweni yeMpilo. Khona-ke uba . . . uMpielo elaPhakade.

177 Manje, ngilesichazamazwi sesiGriki lapha, *The Emphatic Diaglott*. Ngataditsha ngolunye usuku phezu kwebala.

178 Manje, kuJohane 14, kumbe uJohane 3:16, siyathola, indawo eyodwa isithi, “ukuba leMpilo *engapheliyo*.” Enye indawo ithi, “uleMpilo *elaPhakade*.” Kodwa ngesiGriki, kusichasiselo sesiGriki...NgesiHebheru, lithi, “iMpilo engalakuphela.” Ebaleni lesiGriki, lilo a-i-n-i-o-a-n.

179 Phose njengo “*aeon*.” *Aeon* “yisikhathi” esingeke saba khona, kuyinombolo engeke ibalwe. Kuyedlula izigidi, amathriliyoni, amabhiliyoni.

180 Kodwa lokhu yi *aionios* yesikhathi, iMpilo *elaPhakade*. Futhi ibala lesiNgisi lakho ngulaPhakade. Silazi njengolaPhakade, *aionios*, kumbe “iMpilo engela kuphela.” Bona? Futhi nxa uleMpilo engela kuphela, ungabhubha njani? Usube yingxenye yobulaPhakade. Futhi kulento eyodwa *elaPhakade*.

181 USathane akekho laPhakade. Hatshi. Wa—wabanguSathane. Isihogo asikho laPhakade. Isihogo sadalwa. Asikho laPhakade. Futhi limizimba ayikho laPhakade. Yadalwa.

182 Kodwa uMoya kaNkulunkulu ulaPhakade. Awuzange ube lesiqalo, kumbe awusoze ubelesiphetho. Futhi indlela kuphela esingaba leMpilo *elaPhakade*, kusuka kulelo bala lesiGriki, *Zoe*, elitsho, “iMpilo kaNkulunkulu uqobo,” siba, siba yingxenye kaNkulunkulu lapho sisiba ngamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu, futhi sileMpilo eyi *aionios*. Ngakho ingxenye ephilayo, thina, esinanzelela iLizwi leli, kusuka *lapha* kusiya *laphaya*, labo abananzelelayo, yiMpilo eyi *aionios*, “iMpilo engalakuphela.” YiMpilo kaNkulunkulu uQobo phakathi kwethu. Amen. Whew!

183 Ngolunye usuku, ohambweni, ngaba lokukhulumisana, iJehova Witness. Manje, kungelakweyisa inkolo yomunye umuntu. Silabanengi babo abaphendukayo abahlezi lapha, abavela kuJehovah Witness. Omunye wabaphathi bethu bebandla wayengumJehovah Witness, *wake waba*, futhi wasindiswa, yena lemuli yakhe. Ubaba wakhe wayengumbali; uMfowethu Wood labo. Bonke abafowakhe labodade manje, phose bonke babo sebangena, bemukela uMoya oNgcwele, ngoba imibono kaNkulunkulu yabatshele lokho abakwenzayo. Futhi lalokho aba...Bona? Lokho kwakwenza.

184 Manje, kodwa lapha, iJehovah Witness ebhukwini labo, lithi umoya owuphefumulayo ngumphefumulo. Manje, lokho akungeke kuqonde. Umoya owuphefumulayo awusiwo mphefumulo. Nxa uyiwo, wena u—wena ngesinye isikhathi ungolunye uhlobo lomphefumulo, isikhathi esilandelayo ungomunye umuntu, uphefumule lowomphefumulo. Khangela

lapho ongaba khona. Manje, ukuphefumula ngumoya, futhi umoya yilokho okuphefumula emakheleni akho.

<sup>185</sup> Manje, bathatha uMbhalo kusuka emuva, “Futhi uNkulunkulu waphefumulela uMoya emakheleni akhe, futhi waba ngumphefumulo ophilayo.” Manje, ngifuna ukulibuza enye into. Nxa wayengumuntu, ngumoya bani womoya ayewuphefumula uNkulunkulu engakaphefumuleli uMoya Wakhe weMpilo kuye? Bona? Ngumoya bani? Wayephefumula, umuntu ophilayo. Awu, khona-ke, nxa lokho kunjalo, khona-ke yonke inyamazana ngumphefumulo ophilayo, ngoba ziphefumula umphefumulo womuntu, futhi umphefumulo wethu, lakho konke ndawonye. Khona-ke uJesu wayengasoze afe. Umhlatshelelo wenyamazana wawuzakube wenele. Bona? Ngakho, mfowethu, impikiswano ayimi.

<sup>186</sup> Kodwa lokho uNkulunkulu akwenzayo, Waphefumulela uMoya weMpilo elaPhakade, ameni, khona-ke waba ngumphefumulo ophilayo, umphefumulo ongeke ufe. Manje khangela manje. Sizakungena elujwini, kuze kuthi ngqo endololwaneni zakho. Nanzelela. “Waphefumulela uMoya weMpilo elaPhakade emakheleni akhe, futhi wasesiba ngumphefumulo olaPhakade.” Ngoba, uNkulunkulu waphefumulela, hatshi lokho imvelo eyakwenzayo, kodwa lokho uNkulunkulu akwenzayo, waphefumulela uMoya weMpilo emakheleni akhe, futhi waba ngumphefumulo ophilayo.

Khona-ke uthi kimi, “UAdamu wafa, Mfowethu Branham.”

<sup>187</sup> Kodwa khumbula, ngaphambi kokuba uAdamu afe, wayelewundlu elamhlengayo. Haleluya! “Labo Abazi ngaphambili, Ubabizile.” Wathola iwundlu ukubahlenga. Wayengumfanekiso. UAdamu wawa. Khona-ke iwundlu lanikezwa uAdamu, ngoba vele emakheleni akhe wayesebe nguMphefumulo kaNkulunkulu olaPhakade, futhi waba ngumphefumulo ophilayo. Wayeyindodana kaNkulunkulu.

<sup>188</sup> Hatshi umoya wakhe, njengebala laseAfrica. Kangikwazi ukuthi ibala lesiGriki liyini kilo, khona manje. Kodwa ibala laseAfrica, babiza *umoya*, okutsho, “umoya; amandla angabonakaliyo.” Inyamazana ziphefumula umoya. Izeni ziphefumula umoya.

<sup>189</sup> Khona-ke kungani sitshikatshikela iMpilo elaPhakade, nxa lowo kungumphefumulo olaPhakade ophefumulelwe phakathi kwethu ngomoya? Kungani sitshikatshikela iMpilo elaPhakade? Kuyasiphendukela, mfowethu. Bona? Ku—ku—kungeke nje kukwenze.

<sup>190</sup> Kodwa, uNkulunkulu, ikakhulu phezu kukaAdamu, waphefumulela uMoya weMpilo elaPhakade, futhi waba ngumuntu olaPhakade eloNkulunkulu. Wayelamandla njengoNkulunkulu. Waye ngunkulunkulu omncinyane.

Wayengukulunkulu womhlaba; hatshi uNkulunkulu weZulwini, manje. UNkulunkulu womhlaba!

<sup>191</sup> Futhi ngolunye usuku amadodana kaNkulunkulu azakuba ngonkulunkulu njalo. UJesu watsho njalo. “Akulotshwanga emthethweni wenu, ‘Lingabo nkulunkulu’? Khona-ke nxa lingabiza labo Ababiza onkulunkulu, labo uNkulunkulu abavakatshelayo, lingangiCala kanjani, lisithi, lapho ngisithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu?” Bona? Manje sesingena kwenye into ejulileyo. Manje khangela lokhu lapho sisehla lakho phansi.

<sup>192</sup> Manje, nampa belapha. Useyindodana kaNkulunkulu manje, kodwa wenza iphutha. Uyakwazi ukuthi wenza okubi. Manje khumbula, uAdamu kazange akhohliswe. IBhayibhili latsho njalo. UTimothi wokuQala 3. “UAdamu kazange akhohliswe, kodwa umfazi waba ngokhohlisiweyo, wabasesiphambekweni.” UAdamu wahamba loEva, ngoba kwakungumkakhe.

<sup>193</sup> Ngokufanayo loKhristu, kazange akhohliswe nguSathane, kodwa wangena ekufeni loMlobokazi. Wahamba ukuya kuba loMlobokazi, ukuze Ahlenge iBandla.

<sup>194</sup> UAdamu wayekwazi ukuthi wayephambukile, ngakho wahamba nje loEva. Bona? Kodwa kwakulewundlu elaphiwa kibo, ukuthi babehlengiwe.

<sup>195</sup> Futhi lawa amawundlu, lamuhla, aziwa ngaphambili nguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wawabiza, kuloMhlengi. “Akulamuntu ongeza Kimi ngaphandle uBaba Wami amdonse. Futhi konke uBaba Angiphe khona kuzakuza Kimi.” Kunjalo na? Ngakho kuleWundlu elinikeziweyo, kusukela ekusekelweni komhlaba, lapho amabizo abo afakwa eBhukwini leWundlu lokuPhila. IWundlu lanikezwa, ukwenza indlela yomusa kubo bonke babo ukuya ekuvusweni, iWundlu elanikezwayo; IWundlu lika Adamu, manje nanzelela, njengo Adamu waye lewundlu elanikezwayo.

<sup>196</sup> Manje, lelo liBandla lamuhla. Angitsho i—ibandla. Liyazi ukuthini?

<sup>197</sup> Kangikutsho lokhu ukungabi lanhlonipho, njalo kangikutsho ukulimaza imizwa yaloba ngubani. Kangikho lapha ukwenza lokho, njengoba sengivele ngazichasisa. Ngilapha ukusiza, kodwa lokho engizama ukukwenza . . .

<sup>198</sup> Liyazi ukuthini? Impela, amabandla lawa akusiwo mabandla. KuleBandla elilodwa kuphela. Lawa ngamakilabhu. Bona? Ngamakilabhu. Angilalutho . . .Konke kulungile. Kodwa ngi—ngifuna ukufakaza lokho kini, ngemizuzu emilutshwane, ukuthi nje ngamakilabhu. Ungowekilabhu yeMethodisti, ikilabhu yePresbyterian, kumbe ikilabhu yePhentekhostali, ngokuya ngalokho. Yebo, um-hum. Amakilabhu! Bona? Awungeke . . .Bona? Amabandla angamakilabhu impela lapho abantu abamqondo munye abahamba ndawonye.

199 Kodwa iBandla liNye. Futhi kawungeke ujoyine iBandla. Uzalelwa Kulo. Futhi lapho usuzelwe Kulo, ulilunga Lalo.

200 Njengemuli yami nje. Ngibesemulini yakoBranham okweminyaka engamatshumi amahlanu lantathu. Abakaze bangicele ukuba ngijoyine imuli. Ngani? Akudingi ukuba ngijoyine imuli. Ngazalwa nginguBranham.

201 Futhi uzelwe eBandleni. Manje lawa amanye ngamakilabhu. Wake wacabanga ngalokho? Yebo, mnumzana.

202 Ngolunye usuku ngangiquma utshani, futhi ngangicabanga mayelana, awu, “Ibandla elikhulu leKatolika elingcwele,” balibiza njalo. Ngangihamba ngalapho njengalokho, ngiquma.

203 Futhi Enye into yangimisa, nje kalukhuni, yathi, “Ungabizi lokho Lokho.” Ngathalaza. Ngaqala ukuquma. Futhi Kwangimisa, kwathi, “Ungawabiza Lokho.” Wathi, “Bayikilabhu, njengamanye. Abasilo Bandla. KuleBandla elilodwa.” Bona? Bangamalunga ekilabhu, ngoba ungajoyina ikilabhu. Kodwa kawungeke ujoyine iBandla. IBandla, uyazalwa Kilo. Uba lilunga Lalo ngokuZalwa okutsha, khona-ke ilunga leMuli, umfowethu kumbe udade Kilo.

204 Manje mangilibalele nje i*The Emphatic Diaglott* lapha, enye into, kaSambulo 17:3, futhi i Apocalypse ye *The Emphatic Diaglott* lapha. Futhi khangela lokhu nje, ukuthi lokhu kubaleka kanjani, futhi kuqathaniseka kuhle kanjani—kanjani. Isambulo 16, 17. Kulungile. Manje kasibaleni lapha okomzuzu nje. Lalelani kulokhu, lilalelisise sibili, Isambulo 17:3.

*Futhi enye* YALEZO ziNgilosi EZIYISIKHOMBISA zile . . .  
ileMiganu EYISIKHOMBISA yabuya futhi yakhuluma  
kimi, . . .

205 Ngiyalibalela, kuvela ku *The Lexicon*. “Ile . . .”

. . . “Woza, ngizakutshengisa ISIGWEBO SULESO SIFEBE  
ESIKHULU, leso esihlezi phezu kwaManzi Amanengi;

206 Futhi sonke siyakwazi ukuthi leyo yiVatican. Lapha sile *Our Sunday Visitor* phakathi lapho, evela ebandleni leKatolika, isitshela khona kanye lokho okuyikho. Bona?

207 Futhi limpendulo kikho, yathi, “Kodwa mana okomzuzu.” Wathi, “Kube lenhlobo zonke zamabizo,” wathi, “zingenza amakhulu ayisithupha lamatshumi ayisithupha lesithupha.”

Ngathi, “Kodwa umzuzu nje.”

Wathi, “Ibizo lakho lingenza amakhulu ayisithupha . . .”

208 “Kodwa,” ngathi, “Angihlali phezu kwamaqaqa ayisikhombisa, ngibusu umhlaba, loba kunjalo, uyabona.” Uh-huh! Bona? Kunjalo. Bona?

209 [UMfowethu Branham ubala iSambulo 17:1 ku *The Emphatic Diaglott*—Mhl.]

...ngizakutshengisa ISIGWEBO SALESO SIFEBE ESIKHULU,  
esihlezi phezu kwaManzi Amanengi;

210 Amanzi, Isambulo 17:15, kuyi “ukuminyana futhi xuku labantu.” Bona?

AMAKHOSI OMHLABA enze ubufebe laso, labAKHILEYO  
EMHLABENI benziwe badakwa liWAYINI lobu...BUFEBE  
baso.

211 Manje ini?

*Futhi yasingithwalela, ngikuMoya, eNkangala; . . .*

212 *I Emphatic Diaglott* manje. Bona?

...futhi ngasengibona uMfazi ehlezi phezu kweSilo  
esilombala obomvu, sigcwele amaBizo Enhlamba, . . .

213 Manje, kuKing James, ithi, “egcwele amabizo okuhlambaza.” Okwesikhatshana nje, futhi ngizakuthatha lapha, okomzuzu nje. Isambulo, 3. Kulungile, nanku lapha. Kulungile. Isambulo, bengisitsho 17, hatshi 7; 17, manje lalalani kundima 3.

*Futhi yasingithwalela enkangala ngikumoya: futhi  
ngabona umfazi ehlezi phezu kwesilo esilombala  
obomvu, sigcwele amabizo okuhlambaza, . . .*

214 Yiyo indlela isiNgisi esiwanikeza ngayo. Kodwa isiGriki sokuqala esivela ku *The Diaglott* sikubala njengalokhu, kuSambulo 17:3. Lalalani.

*Futhi yasingithwalela, eMoyeni, eNkangala; futhi  
ngabona uMfazi ehlezi phezu kweSilo—Silo esilombala  
obomvu, sigcwele amaBizo Enhlamba, . . .*

215 Lokho kulomahluko omkhulu, ku “amabizo okuhlambaza” kusiyaku “amabizo enhlamba.” Kuyini? Futhi thina . . . Manje, waye:

...UMAMA WEZIFEBE . . .

216 Sonke siyakwazi lokho. Kodwa kuyini? [Umzalwane uthi, “Ibandla leRoma Katolika.”—Mhl.] Awudingi ukuba . . . Awu, kunjalo, lokho kuzathatha ibandla leRoma Katolika. Kodwa u “gcwele amabizo enhlamba,” Methodisti, Baptisti, Presbyterian, Lutheran, bonke bezibiza, “amabandla kaNkulunkulu.” Amabizo enhlamba! Umahluko omnengi kakhulu “amabizo okuhlambaza” la “mabizo enhlamba.” Bezibiza, “iBandla likaNkulunkulu,” futhi bezimela ngokwabo phambi komhlaba; lamaphathi amakhadi, lokunatha, lokuqhubeka, lokudla kwemisobho, lakho konke okunye, lazo zonke inhlobo zezinto zisiya.

217 KuleBandla elilodwa kuphela. Uyazalwa Kilo. Awubuyi phakathi Lapho uze ugezwe eGazini leWundlu futhi ubekwe uphawu nguMoya oNgcwele.

218 Ngumehluko bani phakathi “amabizo okuhlambaza” la “mabizo enhlamba.” Liyakubamba? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.]

219 Ngibambe lokho lokhu kusa lapho ngibala lapha, i... Ngisehla phansi, Enye into ingitshelile nje, “Hamba ekamelweni lakho. Thatha *The Diaglott*.”

220 Awu, yikulalela nje. Yikho kuphela. Ngangena phakathi. Futhi ngathatha Isambulo 17. Ngacabanga, “Kungani Ungifuna ukuba ngibale lokhu?” Ngaqala ukubala. [UMfowethu Branham utshayanisa iminwe yakhe—Mhl.] Masinya lapho ngakuthola, “Nanko lapho.” Ngathatha ipenseli futhi ngakubhala phansi. Ngathi, “Nanko-ke.”

221 Manje, bayamemeza ngami ngikhahlela izinhlanganiso. Ngamabizo lawo enhlamba, azibiza, “amabandla kaNkulunkulu, lamabandla kaKhristu, lamabandla eMethodisti, lamabandla.” Ngamakilabhu, hatshi amabandla.

222 Ibandla linye, lelo liBandla leNkosi uJesu Khristu. Futhi khona Kuyini? UMzimba oyimfihlo kaJesu Khristu ekusebenzeni emhlabeni, owenziwe ngelunga laloba yiwaphi alawa mabandla, angaba lilunga loMzimba kaKhristu. Kumele uzalwe Kiwo, hatshi ukujoyiniswa Kiwo.

223 Futhi ukujoyina kiwo, ngamabizo enhlamba, lumfazi. Lumfazi, amandla akhe!

224 Futhi uyabona khona manje lapho abaya khona ukuyathatha abantu bonke abalemqondo engajwayelekanga ngenkolo, futhi babathumele eAlaska. Likubonile lokho. Konke kwenkolo zethu ezingazwisisekiyo.

225 Futhi kuyini? Ikhansili, iKhansili Yamabandla Omhlaba futhi iKatolika balokwenza kwayo okukhulu okwenzakalayo eVatican manje, khonale, abazama khona. Futhi wonke lawa amabhishopi, lokunjalo, bazama ukuza ekuvumelaneni, ukulwisa isikhomanisi. Umhlaba ulwisa isikhomanisi, futhi kuphela bejoyinana leKatolika.

226 Kunjengalokhu okuyikho lamuhla. Nanku silapha, njengoba ngitshilo. Sizakuya . . . Sesiphose sajomba. Siyaboleka, sisebenzisa imali manje, kumithelo ezakubhadalwa iminyaka elitshumi lane kusukela lamuhla. Yikho esesifike khona. Ngubani olemali yomhlaba? Ibandla leKatolika. Ingabolekwa njani kuUnited States? Ukugcina laba abegwayi lamankampani ewiski lezinto. Sibili, bazakuyiboleka kibo. Lapho bekwenza, bathengisa ubuzibulo babo, khona kanye, ebandleni leRoma Katolika. Siyamanyana. Khangela lokhu, kusobala nje, kusobala ukwedlula ukubala iphephandaba. Nanku lapha. Bona?

227 BangamaMethodisti, Baptisti, Presbyterian, lokunjalo, bezibiza njalo, “iBandla likaNkulunkulu.” IKatolika layo yonke



